


UMTSHADO LoKWAHLUKANA

 Asikhothamiseni amakhanda ethu okwesikhatshana ukuze sikhuleke. Baba oloMusa omnengi, siyaKubonga lamuhla ekuseni ngalelithuba lokuba lapha kulindlu yokulalela, sikhangelana lempumela yosuku. Kodwa kasikwazi lokho okuphethwe lusuku, kodwa siyamazi Lowo ophethe usuku. Ngakho siyakhuleka ukuthi Yena Lowo ophethe ilamuhla lekusasa, layo yonke ilaPhakade, uzasibusisa lamuhla njengoba sibuthene ndawonye eBizweni Lakhe, ukuze sazi ngcono ukuthi siphile njani ukuMkhonza. Leyi yinhloso yethu egcweleyo, Baba. Nkulunkulu, Okwazi izinhliziyi zethu, uyakwazi lokhu kuliqiniso. Siyazinikela Kuwe, le—lengxenye yokulandelayo kosuku, ngenkonzo Yakho, eBizweni likaJesu Khristu. Ameni.

Hlalani phansi.

² [UMfowethu Branham ukhuluma komunye umuntu kupulathifomu—Mhl.] Ngiyabonga. Nansi esinye lapha.

³ Yikuseni enhle, balaleli ababonakalayo futhi labalaleli abangabonakaliyo yonke indawo yelizwe lapho esixhunyaniswe khona ngefoni lamuhla ekuseni. Lokhu kunginika ithuba elikhulu ukubuya lapha lokukhuluma lamuhla ekuseni ngalesi sifundo esiqakathekileyo. Kubalaleli ababonakalayo, ngempela kuyadida kancinyane, ngoba phambi kwami nje ngamakhetheni, khona-ke kumele ngikhulume kwesokunene lakwesokhohlo. Futhi lakubalaleli abangabonakaliyo, ngilendlu yokulalela kwesokudla sami, futhi njalo lendlu yabaqinisa amathambo lemisipha kwesenxele; futhi mina ngisesibuyeni, lamakhetheni evulwe ngaphakathi, esenza isandla sami sokudla lesandla senxele. Futhi sigcwele okwedlulisileyo, lamuhla ekuseni, endlini yokulalela, njalo lendlini yabaqinisa amathambo lemisipha, futhi njalo lebandla, ibandla eliphansi kuEighth loPenn Street. Futhi ezindaweni ezigcwele zedlulisa, uhlelo lwefoni luyakuhambisa kwezinye indawo.

⁴ Sibelesikhathi esimanglisayo eNkosini, futhi singaphansi kwenkangelelo enkulu kuleyi inkonzo lamuhla ekuseni. Futhi khathesi lobubusuku kusiba yisikhathi sokuvala salezinsuku ezine zomkhankaso, ngani, ngeqiniso sinxusa bonke, abenelisayo, ukuba lapha. Siyathemba ukuthi iNkosi izasipha unomphelo omkhulu lobu busuku ngokwenza into engajwayelekanga sibili, okokuthi Uzasilisa bonke abagulayo futhi enze izinto ezinkulu Avame ukuzenza. Futhi singaphansi kwenkangelelo enkulu ngokwantambama. Uzulu unxusiwe ngenhliziyi enhle, abantu bonke, ibandla lonke lenhlanganiso yesonto yonke. Akudingakali lokuthi ube ngumKhristu; ngeqiniso sibizela izoni zizongena, zihlale phakathi kwethu.

Futhi senza ubungcono bethu ukubafundisa lokho okuyindlela yeNkosi, ukuze senelise ukuphila.

⁵ Manje ngilethemba lokuthi abalaleli abasoze bangahlaliseki. Futhi ngithembela kuNkulunkulu ukuthi angiyikungahlaliseki, ngoba bengilobusuku obunzima, bugcwele ukudonseka. Ngoba ngiyananzelela ukuthi izinto engizakuzikhuluma lamuhla ekuseni ngizakuba lomlandu ngazo ngoSuku loKwahlulelwa, futhi a—angenelisanga ukulala, futhi ngiyakwazi ukuthi nxa ngingayekela ukuzikhuluma ngizakuba lomlandu ngazo ngoSuku loKwahlulelwa. Ngakho kukwenza kubenzima, awungeke ukuchasise.

⁶ Futhi khathesi lamuhla ekuseni yisifundo leso esikhulu esizakhuluma ngaso *UMtshado LoKwahlukana*. Futhi isizatho ngenze kwaba yisikolo seSonto, ukuze sikhulume ngakho lokuthatha isikhathi sethu, kulokutshumayela intshumayelo ngakho. Yimfundiso evela eMbhalweni.

⁷ Futhi ngi—ngifuna ukutsho ukuthi, uba umtshumayeli kumbe abatshumayeli, loba yiphi indawo, kungenzeka ukuba lithephu iwele ezandleni zabo, nxa sikhulula lithephu... Angikwazi lokho ibandla elizakwenza ngakho. Ngicela uMfowethu Fred abone ibhodi lebandla engakakhululi lithephu. Futhi lakini bantu phandle ezweni, abalamathephu rekhoda elungiselwe, ngiyacela lingakhululi ithephu ngaphandle lize lizwe kuvela kuMfowethu Sothmann ngakho.

⁸ Manje, futhi nxa ikhululwa, futhi loba nguphi wabafowethu abatshumayeli, kumbe umKhristu loba ngaphi, lowo ongasoze avumelane lalezi izinto engizazitsho ngalesi sifundo, ngi—ngiyathemba alisoze liSichothoze. Nxa lingaSizwisisi ngendlela engiSifundisa ngayo, awu, ulungelo kulokho, njengomtshumayeli, njengomalusi. Futhi ngiyahlonipha loba yini okukholwayo.

⁹ Futhi kulemibono emibili emikhulu kulokhu. Futhi nxa kulemibuzo emibili, kulomunye wayo ofanele ukuba uqondile, kumbe akula lowodwa wayo oqondileyo. Ngakho sizazama ukukhangela eLizwini likaNkulunkulu, lamuhla ekuseni, ukuqeda lokhu. Kimi, nxa kungumbuzo weBhayibhili, ngeqiniso iBhayibhili lilempendulo kukho.

¹⁰ Futhi khathesi nje singakabi lalokho, ukuqalisa isifundo lesi, bengitsho, ngingakakhulekeli iLizwi, Ngifuna ukuphumisela komunye lamunye wenu, ukuthi ngi...lina maKhristu ikakhulu, ukuthi ngiyafisa...Ngi—ngifuna lingikhulekele lamuhla ekuseni. Futhi lonke phandle kubalaleli abangabonakaliyo abalaleleyo lamuhla ekuseni, lingikhulekele, ngoba ngifuna ukuthembeka lokuqiniseka.

¹¹ Manje siyananzelela, ekwenzeni izitsho lezi, omunye umuntu, nxa kungumuntu oyedwa kuphela, uzabambelela Kikho sengathi Kwakuphakathi kokuphila lokufa. Kulabanengi

benu lapha abazahamba bekholwa. Sibili, abanengi benu, mhlawumbe, abasoze. Kodwa ngiyakwazi, enkonzweni yami, kulabantu ababuya ukuzongilalela, futhi belalele engizakuhuluma; kusukela, awu, bahlezi khonalapha lamuhla ekuseni, izizwe zonke, abanengi abavela eUnited States, Canada, laphetsheya kolwandle. Futhi ungacabanga ubunzima lobo okukubeka khona, ukwazi ukuthi isiphetho selaPhakade salowo muntu sizezandleni zakho, ngoba uzakubambeleva kulokho ozakuhuluma. Ngakho uNkulunkulu uzangenza ngikuphendulele, futhi ngifuna ukusondela kulokhu nje ngokuqiniseka engingakwenelisa.

¹² Khathesi ngi—ngiyacela odadewethu. Futhi ngiguqule amanye amazwi ami ukuze ngikwanise ukukukhuluma phambi kwabo. UBilly ulawo esikhwameni sakhe, lamuhla ekuseni, phandle lapho, ezinye izinto ezingeke zikhulunywe phambi kwa—kwabalaleli abaxubeneyo. Futhi lamanye engizakuwakhuluma, kumele lizwisise. Likuthathe njengokuvela—kuvela kumfowenu, ngokwazi ngcono kwami. Ungahlala ewofisini kadokotela futhi umlalele, kuzamele atsho wonke amabala asobala kuwe. Futhi abanye benu lina maninakazi amatsha lamadoda amatsha, angifuni ukuthi lithathe umqondo ongayisiwo. Ngifuna ukuthi likholwe, futhi lihlale nje lithule. Khumbulani, iQiniso kumele likhulunywe kuliQiniso.

¹³ Futhi, manje, kungela kuthandabuza kodwa kuzakuba labanengi benu abangasoze bavumelane lalokho okuzakuhulunywa, kodwa ngifuna ukukufakaza kiny ngeBhayibhili. Futhi-ke ngiyakholwa, nxa lingahlonipha nje futhi lilalele, khona-ke lizakuba lokuzwisisa okungcono lokuqedisisa kulokho ebengikudinda, sonke isikhathi. Ngiyakholwa lokhu kuzakukuchasisa, futhi ngiyathemba ukuthi kuzakwenza.

¹⁴ Manje singathatha isikhathi eside, ihola lengxenye, kumbe mhlawumbe okwedlulisileyo, kulokhu. Angikwazi kungathatha isikhathi eside okungakanani.

¹⁵ Futhi khathesi njalo, ngizathanda ukutsho lokho, kulesi sikhathi, ukuthi, ngisazi ukuthi abantu bayabambeleva emazwini akho; bayakwenza, kumalusi wabo. Futhi, yebo-ke, ngike ngaba ngumalusi.

¹⁶ Futhi bayabambeleva emazwini kamalusi, sengathi kwakuphakathi kokufa lokuphila. Bayabambeleva emazwini ompristi wabo, sengathi kwakuyikufa lokuphila. Futhi eqinisweni, umalusi, mhlawumbe ngakho konke lokho akwaziyo ukukwenza, ufundisa abantu bakhe khona kanye njengalokho akufundiswa eseminari; kungela kuthandabuza kodwa lokho umpristi, laye, ezinkolweni ezehlukeneyo ezilabapristi. Ngoba, umalusi sibili ungumpristi; ungummeli. Ngakho, nxa umpristi,

kukho konke lokho akufundisiweyo kweyakhe, eseminari lalapho okuhlala abapristi, indoda ngokuphelela okujulileyo ukhuluma khona kanye lokho akufundisiweyo.

¹⁷ Awu, manje-ke, angila lwazi lweseminari kumbe ulwazi lapho okuhlala abapristi, futhi akula lutho lokumelana lakho lakancane, kodwa ngilempilo eyahlukileyo.

¹⁸ Ngabizwa lapho ngisasengumfana omncinyane nje. Futhi kulokhu kwaku lokubonakalayo, isibonakaliso esasikhuluma engasiphiwayo, i-iNsika yoMlilo ilengile esihlahleni, ngileminyaka eyisikhombisa ubudala, khona lapha eUtica Pike. Ubaba wami wayesebenzela uMnu. O. H. Wathen lowo osanda nje kubhubha. Futhi selalibala ibhuku, liyayazi indaba. Futhi kusukela kuleso sikhathi... Phansi emfuleni khona-ke Yabonakala ikhanya phambi kwabantu. Futhi manje Ithethwe umfanekiso, izikhathi ezinengi, futhi ulengile eWashington, DC, njengokulondolozwa kwelungelo lokukopa, kuReligious Hall of Art, njengeNto kuphela kamoya eyake yafakazelwa ngezesayensi ukuba ithethwe ipikitsha; iNsika yoMlilo efanayo, ifanana xathu ekukhangelekeni langendlela yonke, eyakhupha uSrayeli phandle kweGibhithe. Ngiyakholwa nguJesu Khristu esimweni sikaMoya, ngobuDodana bukaNkulunkulu.

¹⁹ Ngokuba Wayebizwa “Ndodana yomuntu” lapho Esiza okokuqala, manje Ubizwa “Ndodana kaNkulunkulu,” kuMileniyamu Uzakuba yi “Ndodana kaDavida.” Wabuya eyiNdodana yomuntu, umProfethi, njengo kwakhulunywa Ngaye; khathesi UyiNdodana kaNkulunkulu, ngokukamoya; kuMileniyamu enkulu ezabuya, Uzakuba yiNdodana kaDavida, ehlezi esihlalweni sikaDavida. Njengababali bonke beBhayibhili besazi ukuthi lokho yisithembiso sikaMoya loNkulunkulu, kuDavida, Uzaphakamisa iNdodana yakhe okuhlala esihlalweni Sakhe.

²⁰ Futhi manje kwengazwisisekiyo, inkonzo eyahlukileyo, sengabizwa izinto zonke kusukela ku “Nkulunkulu” kusiya “kudeveli.” Futhi lokho, kuhlezi kuyileyo ndlela nje.

²¹ Yikho lokho lumbishopi omkhulu webandla leKatolika akutshoyo kimi ngobunye ubusuku phansi lapho, ingxoxo kwakuyikuthi, ukuthi wathi, “Mfowethu Branham, uJohane uMbaphathizi wazikhomba ngokusobala eMbhahlweni, njengo kwakhulunywa ngumprofethi uSaya.” Wathi, “Inkonzo yakho ikhonjwe ngokusobala eBandleni.” Wathi, “AmaLutheran aseBhayibhilini.” Wathi, “AmaLutherani ayemazi uLuther. AmaWesley ayemazi uWesley. Kodwa amaPentekhosti-ke?” Wathi, “Bayazulazula. Abakwazi lapho okokuya khona.”

Futhi ngathi, “Mnumzana, Ngiyakuthakazelela lokho.”

²² Futhi kwakungaleso sikhathi uMoya wehla phezu kweninakazi, wayengakaze angibone, umkakhe... futhi wakhuluma futhi wabonakalisa izinto ezifanayo.

23 Khathesi, ukuba ngithembeke phambi kwaluMbiko engiwukhuluma lamuhla ekuseni, angikwazi. Ngamtshela, ngathi, “Mnumzana, ngingeke ngikutsho lokho. Leyo yinto enkulu sibili ukuyikhuluma. Kukhangeleka njengakho.”

24 Into eyodwa engiyaziyo, yikuthi kuleyinye into eyenzakeleyo, sibili. Zonke lezi izinto, nje, kufakaziwe ngokwezesayensi, futhi kwafakazwa futhi kwafakazwa kuwowonke umhlaba, akungeke nje kube yinsumansumane. LiQiniso. Kuyini? Mangike ngithi, ngokuvuma, ngingakakhulumi kini lamuhla ekuseni, angikwazi. Futhi ngingeke ngizame ukwenza loba ulutho ngize ngizwe kuvela Kuye lowo okhulume kimi ngamuva futhi wangitshela lezi izinto.

25 Khumbulani, iNkosi yethu uJesu Khristu akazange Azibonakalise njengeNdodana kaNkulunkulu. Wathi, “Lina lathi Nginguye; Ngazalelwa khonalokho,” lokunjalo, kodwa Akazange Azikhombe.

26 Futhi, manje, kwakuyiNsika yoMlilo eyakhokhela abantwana bakoIsrayeli, kwakuyiNkosi uJesu Khristu esimweni sikaMoya, (liyakukholwa lokho yini?) iLogos eyaphuma kuNkulunkulu. [Ibandla lathi, “Ameni.”—Mhl.]

27 Futhi-ke lapho Esemhlabeni, Wathi, “Ngivela kaNkulunkulu, futhi ngiyabuyela kuNkulunkulu.” Sonke siyakwazi lokhu.

28 Futhi emva kokufa Kwakhe, ukungcwatshwa, lokuvuka: USawuli weTarsusi wayesendleleni yakhe esiya eDamaseko, uzuyazingela ama—amaKhristu, ngoba babefundisa izinto ekuphikisana lalokho ababekufundisiwe. Futhi wayeliqhawe elikhulu; phansi kukaGamaliyeli, omunye wabafundisi ababalulekileyo bosuku, esikolo sabo, okuhlala khona abapristi babo; futhi eyindoda enkulu, lomphathi webandla. Futhi kwakulapho ukuKhanya okukhulu, iNsika yoMlilo njalo, yamtshayela phansi, phakathi kwemini. Futhi iLizwi lathi, “Sawuli, Sawuli, uNgizingelelani na?”

29 Manje nxa ungananzelela lapho uPhawuli, uSawuli, ephakama, wathi, “Nkosi, UNgubani na?” Manje, lowo mfana, engumJuda, isibili wayengasoze abize ulutho, ngaphandle kokuba kube yinto efanekisa uNkulunkulu, wayengeke akubize “Nkosi.” Ngakho, KwakuyiNsika yoMlilo efanayo.

30 Njengoba uJesu wathi, “Ngiya kuNkulunkulu. Ngavela kuNkulunkulu, futhi ngibuyela kuNkulunkulu.”

31 Nango Elapho, ebuyela esimweni seNsika yoMlilo futhi; Wathi, “NginguJesu Lowo omzingelayo; futhi kunzima kuwe ukukhahlela izincijo.”

32 Futhi siyananzelela ukuthi lapho uMpostoli uPhetro, onguye owaphiwa izihluthulelo zokwakha iBandla, siyathola ukuthi

wayesentolongweni, futhi liNsika yoMlilo efanayo yadlula ezinsimbini, yavula iminyango yentolongo, yaphumisa uPhetro phandle, ngokungazwisisekiyo, ingaphazamisanga umlindi. Kimi, NguJesu Khristu ofanayo izolo, lamuhla, lanininini.

³³ Futhi-ke uzahlala usazi into ngemvelo yayo. Loba yini yaziwa ngemvelo yayo, isithelo esithelayo. Futhi ngiyalicela likhangele uhlobo lwesithelo eLuthelayo, lokhu kuKhanya okunguNkulunkulu, ngoba kuhlala Kubuyela eLizwini likaNkulunkulu, futhi kufakaze iLizwi likaNkulunkulu, kutshumayela iLizwi likaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu ufakaza iLizwi lelo ngokubambekayo njalo phambi kwenu. Kumele kubeleyinye into emuva Kwalo.

³⁴ Abantu bangibize ngokuthi umprofethi. Angizibizi umprofethi, ngoba angingeke ngiqale ukutsho njalo, kodwa ngile...Tshono, ngingathi lokhu, ukuthi iNkosi ingivumele ukubona izinto ngaphambili, ukukhuluma izinto ezenzakeleyo, ezizakwenzakala, ezenzakalayo, futhi akula lesikhathi sinye okwake kwehluleka, ezikhathi ezimatshumi ezinkulungwane. Konke Akutshoyo ukuthi kuzakwenzakala, kwenzakala. Siyakwazi sonke lokho. Nxa kulomuntu kulaba abalaleli ababonakalayo lamuhla ekuseni, kumbe ngaphi, ongatsho loba kanye lapho okwehluleka khona, ukhululekile ukuphakama futhi utsho njalo. Kodwa nxa wonke umuntu ekwazi ukuthi sonke isikhathi, okwezikhathi zezinkulungwane, bekuqondile ngokupheleleyo, wothini, “ameni.” [Ibandla lithi, “Ameni!”—Mhl.] Bona? Ngakho kungaba kuyinto efanayo umhlaba jikelele.

³⁵ Eyinye into isizakwenzakala nje. UNkulunkulu akathumeli lezi zinto kungelanjongo ngemuva kwakho.

³⁶ Bengicabanga nje lapha. Ngikufake lapha, elinye lamanothi ami. Ukuthi ngigqokile lamuhla ekuseni, isethi yezigqizo zemikhono yeyembe...Futhi abanengi benu selake lezwa ngalingcitshi yamabhayisikopo, uJane Russell, lomama wakhe ngumPhentekhosti; loDanny Henry ngumzawakhe, umzawakhe wokuqala, umntwana kadedewabo kamama wakhe. Waye ngumBaptisti. Wayemile emhlanganweni, umhlangano waMadoda bamaBhizimusi eLos Angeles, California, iminyaka emibili edluleyo.

³⁷ Futhi nje ngangisanda kuqeda ukukhuluma ngezinkulu, ezilamandla, izitsho ezilukhuni, okokuthi lombonisi ophezulu, omunye wababonisi abaphezulu weAssemblies of God, wehla phansi kupulatifomu kusuka phezulu ebhalikhoni lapho ayehlezi khona, futhi wathi, “Angikholwa ukuthi uMfowethu Branham ubesitsho lokho.”

³⁸ Ngathi, “Kumele ngikutsho, mnumzana. Kuyi ITSHO KANJE INKOSI.” Futhi, khona-ke, kwakumayelana lebandla kulesisikhathi.

³⁹ Futhi phose ngaleso sikhathi, lindoda encinyane engusomabhizimusi... Umfowakhe ungale... wayekhona ethatha imifanekiso yetelelevision leyo kuseni, omunye umfowakhe u—ungumphathi wemigwaqo yelizwe leCalifornia. Futhi uDanny Henry weza phambili emva umhlangano usuvaliwe, kupulatifomu, njenga *lokhu*, lapho amadoda ayehlezi khona wonke, wehla phansi ukungisingatha ngengalo zakhe. Futhi wathi lamazwi, “Mfowethu Branham, ngithemba lokhu akuzwakali sengathi yikuthuka, kodwa,” wathi, “lokho kungenziwa isahluko 23 sikaSambulo.” Khona, kulezhlukuko ezingamatshumi amabili lambili kuSambulo. Wathi, “Ngithemba lokhu akuzwakali sengathi yikweyisa.” Engakaqedi ukukukhuluma... Manje, umfana wayengumBaptisti, futhi wayengazi lutho ngokukamoya. Engisingathe ngengalo zakhe, waqala ukukhuluma ngolimi olungaziwayo.

⁴⁰ Futhi lapho eseqedile ukukhuluma ngolimi olungaziwayo, kwakukhona o—okhulupheleyo, umfazi omnyama owayehlezi khona phambi kwami, waphakama, wathi, “Lokho akudingi ngitsho lengcazelo.” Wathi, “Ngivela eShreveport, Louisiana, kumbe, Baton Rouge, Louisiana.” Wathi, “Leso ngokucacileyo yisiFrench.”

⁴¹ Victor Le Doux, owayeyindoda yomFrench, laye ehlezi phezulu lapho, wathi, “Sibili, ngiyindoda yomFrench, futhi lokho kwakuyisiFrench esipheleleyo.”

⁴² Ngathi, “Mana okomzuzu. Wena bhala phansi lokho akukhulumileyo, futhi *lawe* ubhale phansi lokho akukhulumileyo, lingakakhulumi lutho. Bhala phansi okutshoyo, futhi siboneni amanothi enu.” Futhi njalo omunye wabhala phansi, lomunye wabhala phansi, lezimpawu zolimi zazifana.

⁴³ Futhi-ke phose ngaleso sikhathi, lapho beletha amanothi abo, okhangeleka kuhle, umfana omncinyane olenwele ezisatshebetshibe wabuya evela ngemuva. Lapho, okwakungela ndawo eneleyo kuye ukuthi ahlale phansi; wayemile ngemuva. Weza ehamba phambili, wathi, “Umzuzu nje, ngizathanda ukubeka inothi, lami.” Wathi, “ngingumtoliki weFrench weU.N., Izizwe Ezibambeneyo.” Wathi, “Ngizathanda ukutshiya inothi yami.”

⁴⁴ Futhi, lapha, wonke amanothi amathathu ayefanana xathu, esiFrench. Futhi nansi indlela okubaleka ngayo. Lawa ngawakuqala amanothi athathwayo, amanothi athathwa khonapho. Leli linothi likaDanny, ngokwakhe, alithwala esikhwameni sakhe. Yebo sibili, kwahamba emaDodeni angoSomabhizimusi angamaKhristu, futhi lokunjalo.

Ngoba ukhethe indlela elukhonjwana, indlela enzima; usuhambe ekukhetheni kwakho uqobo.

Uthethe isinqumo esiqondileyo lesicacileyo, futhi siyiNdlela Yami.

Ngenxa yalesi singumo esikhulu, isabelo esikhulu saseZulwini sizakukulindela.

Yisinqumo bani esilenkazimulo osenzileyo!

Lokhu ngokwakho yilokho okuzakupha futhi kwenze kugcwaliseke ukunqoba okukhulu othandweni lobuNkulunkulu.

⁴⁵ Manje, indoda isayine ibizo layo lapha. “Umutsho ophezulu wachasiswa ngu . . . ngoDanny Henry eprofetha phezu koMfowethu Branham, kunikezwe ngabafakazi abathathu ekhefa eLos Angeles, California.”

⁴⁶ Manje, lindoda encinyane efanayo eyapha lesisiprofetho, engazi lokho ayekukhuluma, wayeseJerusalema phose inyanga edluleyo. Waba lethuba lokuphuma lo—lokulala ethuneni lapho uJesu ayefe futhi wangcwatshwa. Futhi lapho elele lapho, wathi ngabuya engqondweni yakhe ngamandla sibili futhi waqala ukukhala. Wathi, “Kwakunzima kanjani kuMfowethu Branham ukumelana lomhlaba lalezi izinto, lamabandla wonke!”

⁴⁷ Njengo kwa—kwake kwatshiwo ngomunye, wohlangothi lukaBilly Graham, wathi, “Siyambona uBilly Graham, ngoba amabandla wonke ayamhlanganyela. Siyabona uOral Roberts, amaPhentekhostali. Kodwa singaba kanjani lolutho, lapho Kuphambana lalokho abantu abakufundiswayo?” NguNkulunkulu.

⁴⁸ Futhi, uDanny, lokho akwenzayo ngokuzilibazisa, wenza amatsho amancinyane. Waya phandle lapho isiPhambano esasibekwe phansi, lapho abathi isiPhambano sasimiswe edwaleni. Akula loyedwa owayekhona, ngakho waqephula isiqephu esincane sedwala futhi wasifaka esikhwameni sakhe ukwenza isikhumbuzo, wabuya ekhaya wangenzela ipheya yezikopela zeyembe ngakho. Futhi, ngokumangalisayo, lapho ezenza, zakhangeleka zilamatshatha egazi. Futhi lapho phakathi ngasinye zazo, ngokuqhubeka, kudlula eqondileyo, indlela elukhonjwana edlula phakathi kokubili. Manje kungaba nje i . . . Bona, omunye angeke akunanzelele, kodwa kimi kuyahambelana lezinto engizikholwayo. Ngiyakholwa ukuthi into yonke ilesitsho kiyo.

⁴⁹ Futhi khateshi, kulesi sikhathi, loba yini iNkosi elakho . . . Nxa lokhu kungasiyo into Aprofetha ngayo, ngoMalakhi 4 futhi njalo loLukha 17, leminyane eminengi iMibhalo ezakwenzakala kulesi sikhathi sokucina, make ngithi lokhu ekuvaleni, sokwendlele isisekelo salumuntu lapho esiza. Ngakho ngilokubonga sibili ukuthi uNkulunkulu uSomandla, nxa kungaba ngaleyo ndlela, ungivumele ngenza into encinyane, esimweni sami sokungafundi, ukutshengisa ukuthakazelela

kwami ngothando Lwakhe kimi, uthando lwami Kuye, lothando lwethu ebantwini.

⁵⁰ Ngakho-ke, ngokuphelela, ngiyasondela kulesi sifundo *UMtshado LoKwahlukana*. Makuthi uNkulunkulu abelesihawu kithi sonke.

⁵¹ Futhi khathesi lalelisisani. Futhi, bodade, lingasukumi futhi liphume phandle; hlalani lithule nje okwesikhatshana. Bafowethu, yenzani okufanayo. Lingacitshi imisakazo yenu phandle lapho, ezayo kulokhu kuxhunyaniswa kwefoni. Lingakwenzi lokho. Hlalani nje lithule okwemizuzu emilutshwane, kuze kuphele. Lalelisisani. Nxa ungavumi, bhala phansi iMibhalo engiyisebenzisayo, futhi-ke uyifunde Yona ngomkhuleko ungakenzi isinqumo sakho.

Nkulunkulu, sisize lapho sizama ukusondela kulesi sifundo.

⁵² Manje, kungathatha isikhathi eside kancinyane. Angifuni ukuthi libe ngabajahileyo. Futhi nje lithathe isikhathi senu, thina sonke, futhi sihlolisise iLizwi likaNkulunkulu, ngeqiniso futhi ngokupheleleyo, ngokwazi ukuLihlolisisa.

⁵³ Asiqaliseni ngoMathewu oNgewele, isahluko 19. Futhi siqalisele, ngicabanga, kundima 8 yesahluko 19, ngifisa ukuqalisa. Ngingaqalisa njalo ngeka 1, futhi sibale sisehla kundima 8 yesahluko 19.

⁵⁴ Manje, khumbula, izinto lezi engizitshoyo kufanele zivele eLizwini likaNkulunkulu. Akungeke kube ngumbono wami, ngoba umbono wami unjengo womuntu wonke. Kodwa kumele kuhambelane ndawonye leLizwi likaNkulunkulu. Khumbulani, uNkulunkulu ugcina izinto zonke ngokuhambelana. Akaguquki. Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Liyakukholwa lokho? [Ibandla lithi, "Ameni."—Mhl.] Ungofanayo.

⁵⁵ Khathesi ngizabala okuvela kusahluko 19.

Futhi kwasekusithi, lapho uJesu eseqedile lawomazwi, wasuka eGalili, futhi weza emikhawulweni yaseJudiya phetsheya kweJordani;

Futhi amaxuku amakhulu amlandela; futhi wabasilisa . . .

Abafarisi labo beza kuye, bemlinga, . . .

⁵⁶ Ngima lapho ukuze lithole isigcizelelo sokuba ngubani lowo owayeMlinga.

. . . besithi kuye, Kuvunyelwe yini ukuba indoda ilahle ukubayo loba ngaliphi icala?

Wasephendula wathi kubo, Kalibalanga yini lina, ukuthi yena owabadala ekuqaleni wabenza owesilisa lowesifazane,

Futhi wathi, Ngenxa yalokhu indoda izatshiya uyise... unina, futhi inamathele kumkayo: futhi labo ababili bazakuba nyamanye?

Ngakho-ke kabasebabili, kodwa sebenyamanye. Ngakho-ke lokho uNkulunkulu akuhlangukanyisileyo, kakungabi lamuntu okwehlukanyisayo.

Bathi kuye, Pho uMose walayelani ukuba kunikwe incwadi yokwahlukaniswa, futhi... alahlwe na?

Futhi Yena wathi kubo, uMose ngenxa yobulukhuni benhliziyo zenu walivumela ukulahla omkenu: kodwa kusukela ekuqaleni kwakungenjalo.

Manje, uNkulunkulu, asisize.

⁵⁷ LuMbhalo, lumbuzo, wahlangana loJesu khona ekuqaliseni kwenkonzo Yakhe. Futhi wahlangana loMose ekuqaleni kwenkonzo yakhe. Kungumbuzo ophambili ezinhliziyweni zamakholwa. Isoni kasilandaba. Kodwa kusemakholweni, ngoba ikholwa lizama ukwenza konke lokho elikwaziyo ukukwenza ukuphila kuhle phambi kukaNkulunkulu. Ngakho-ke, loba nguphi umbuzo ozayo phezu kwezenkolo, khona-ke indaba yoMtshado LoKwahlukana iyabuya. Ngani? Ngoba iyimbangela yesono sakuqala. Yikho lapho isono esaqala khona. Futhi yiso isizatho ilethwa isikhathi sonke, ngoba iyikuqala kwesono.

⁵⁸ Manje angisoze ngibe lesikhathi sokuchasisa izinto zonke lezi, kodwa ngizathokoza ukuphendula incwadi yakho kumbe loba yini engingayenelisa. Kumbe, silamabhuku alotshwe ngakho, lemibuzo eminengi, futhi njalo okusikwe kumaphephandaba lezinto lapha, ukufakaza lokhu, siyakhwazi ukuthi kwakunguEva (I aphula ayemele ukulidla, lapho okungekho laseMbhaweni, manje bathi kwakuli aprikoti; kwakungesikho lakunye kwakho.), wenza ubufebe, lokho kwaletsa umntwana wokuqala, okwaku nguKhayini, umntwana kaSathane ngokwakhe, ngoba kuye kwakuhlezi ububi. Akuzange kuze ngoAbela. Umntwana kaSathane kwakunguKhayini.

⁵⁹ Ngiyawazi umbuzo wenu khathesi, “UEva wathi, ‘Ngithole indoda evela eNkosini.’” Lokho yikho kanye.

⁶⁰ Ungathatha umfazi oziphatha kubi kulabobonke edolobheni, indoda embi okwedlulisileyo; nxa babelomntwana, kumele avele eNkosini, ngoba uNkulunkulu ulemilayo ebekwe ndawonye. Futhi imilayo leyi, njengelanga ukuthi liphume; uyabeka inzala ensimini enhle, izakhula. Futhi kumele ikhule, ngoba kungumlayo kaNkulunkulu. Lapho imbewu ihlanyelwa, kumele ikhule. Futhi akula lutho olungakhulisa impilo kodwa uNkulunkulu, ngoba kusebenza phansi kwemilayo Yakhe. Ngakho-ke lapho imbewu embi yahlanyelwa esibeletweni sika—sikaEva, kwakumele iveze, ngoba ngumlayo kaNkulunkulu wokuzala. Futhi kwakungela

kwenza olunye ulutho kodwa ukukuveza, futhi kwakumele kuvele kuNkulunkulu.

⁶¹ Yiso isizatho abantu besithi, “Abantwana abancinyane,” ngesinye isikhathi, “abangazalwanga ngabazali abangamaKhristu, balahlekile.”

⁶² IGazi likaJesu Khristu liyamhlawulela umntwana, angilandaba wazalwa okunganani futhi lokuthi wazalwa ngokubi kanjani. UliWundlu likaNkulunkulu elisusa isono somhlaba. Umntwana omncinyane angeke aphenduke, ngoba kalalutho lokuphenduka, futhi leso kwakuyisono somhlaba esasuswa ngeGazi likaKhristu. Izingane ziya eZulwini.

⁶³ Yisono sakuqala, futhi yiso isizatho ku—kubuzwa. Lapho loba yisiphi isimanga esikhulu esivela kuNkulunkulu, mayelana ngento yokuqala: “Uthini ngomtshado lokwahlukana?” Manje, njengoba kwakunjalo, kulokhu kungumbuzo phakathi kwabantu. Njengoba kwakunjalo ngezikhathi zikaJesu, njengoba kwakunjalo ngezikhathi zikaMose, kuhlala kunjalo, futhi kunjalo kuzekube lusuku lolu, umbuzo phakathi kwabantu, ngoba abantu bafuna ukubakwazi ukuthi iQiniso liyini.

⁶⁴ Kodwa lapho okulombuzo khona, kumele njalo kube lempendulo. Futhi manje kuyimpendulo, njengoba ngakhuluma ngaphambilini, liviki, kumele kube lempendulo eqondileyo. Futhi nxa sithola impendulo kuloba yini, futhi inga—ingaqondanga, khona-ke siyazi ukuthi bekungayisikho. Kodwa ukhona, uzabe ulokhu ubuza kuze kuthi umbuzo weqiniso uphendulwe, nxa ufuna ukwazi iQiniso. Futhi njengokuba kungumbuzo weBhayibhili, kumele kube yimpendulo yeBhayibhili.

⁶⁵ Kunjengalokho engikutshiloyo, nxa bengifuna ukuya empumalanga lamuhla ekuseni, futhi ukwazi okuhle yilokhu, kwakumele ngithole eyinye into ethile ensimini, futhi iqonde nta empumalanga, futhi ngasengisiya empumalanga. Omunye wathi, “Mfowethu Branham, *leyi* yimpumalanga.” Yimpumalanga, kungenzeka, kodwa yinyakatho yempumalanga. Ngingedlula uqobo lwento ebengiyidinga; ngingaphenduka, ngisazi ukuthi bekungayisikho. Futhi-ke nxa omunye umuntu wathi, “Mfowethu Branham, hamba *ngale* indlela, kwesokudla sakho.” Manje, lokho kungenzeka ukuba yimpumalanga, lakho, kodwa yiningizimu yempumalanga. Ngingalahlekelwa yinto ebengiyidinga, ngoba ngihambe ngedlulisa imikhawulo yendlela ephelileyo leqondileyo.

⁶⁶ Manje, nxa lokho kunjalo, silemibono emibili yomcabango ngo*Mtshado LoKwahlukana*. Futhi yilokhu, omunye wayo uthi, lokho, “Indoda ingatshada kanye kuphela, ngaphandle umkakhe esefile.” Futhi lowo ngomunye wemibuzo, kodwa, unгахamba ulandela lokho, uyeqa umngcele. Futhi-ke olandelayo uthi,

“O, nxa umfazi kumbe indoda, omunye wabo, enze ubufebe, oyedwa wabo engaliwa futhi atshade njalo.” Uyazithola usuyeqe umngcele ngalokho.

⁶⁷ Ngakho, bona, akusikho iningizimu yempumalanga kumbe inyakatho yempumalanga; sifuna okuqonde impumalanga. Uyaphelelwa ngu’Mbhalo nxa uhamba *ngaleyi* indlela, uyaphelelwa ngu’Mbhalo lapho uhamba *ngaleyana* indlela. Sifuna ukubakwazi lapho uMbhalo ohlangana loMbhalo, futhi sibekwazi lokho okuliQiniso lakho. Ngamunye uthatha indlela eyahlukileyo, futhi ehluleke ukuletha impendulo eqondileyo, kodwa lobakunjalo impendulo kumele ibekhona.

⁶⁸ Kunjengo kuthi, lamuhla, kulemibono emibili emikhulu ebandleni; omunye wayo yibuCalvini, omunye wayo yiArmin... Arminani. Omunye wabo ngowomthetho, omunye ngumusa. Futhi siyabuya sifumane ukuthi abantu abakholwa emuseni, amaCalvini, bathi, “Busisa uNkulunkulu, akungoni ukubhema. Akungoni ukunatha. Ngingenza lezi izinto, ngilokulondeka okulaPhakade.” Khona-ke siyafumana olunye uhlangothi, kwabezomthetho, bathi, “O, ngithanda ukumphophothela, ngithanda ukumtshengisa okusengqondweni yami, kodwa, ngingumKhristu, kumele ngithule.” Bona, uyazithola emigwaqweni emibili ehlukeneyo, futhi akula lowodwa wayo oqondileyo. Manje, kunzima ukutsho lokho, kodwa kuliqiniso.

⁶⁹ Sizifumana sisemigwaqweni emibili ehlukeneyo; owodwa, uhamba enye indlela; omunye, eyinye. Khathesi asiboneni lokho okuliQiniso.

⁷⁰ Manje lalelani, futhi libone nxa kuzwakala kulengqondo kini. Njenga lokhu, nxa ngingalungiselela ukuya phetsheya kolwandle, futhi ngizathatha imuli yami uqobo, ngizabizela umkami kimi, futhi ngizakuthi, “Sizaham... Ngiya phetsheya kolwandle, sithandwa.” Khathesi nantu uhlangothi lwabezomlayo, “Manje, mkami, ngizakubekela umthetho! Nxa ukhombana laloba yiphi indoda lapho ngihambile, lapho ngiphenduka usungumfazi owaliweyo. Futhi angifuni uphose amehlo, angikufuni ukhombakhombe! Uyakuzwisisa lokho? Ngiyindoda yakho! Nxa ungakwenza, ngizakwala lapho ngiphenduka.”

⁷¹ Khona-ke uyafinyelela futhi angibambe ngethayi, futhi athi, “Ndoda yami elungileyo, ngifuna ukukutshela enye into, bona, bona, ukuthi nxa ungaphosa amehlo kuloba nguphi umfazi, kumbe uphume lomfazi, kumbe ukhomba loba nguphi umfazi, uzakuba yindoda eyaliweyo lapho uphenduka.” Manje, ngezake kube likhaya elithokozayo yini? Labo ngabezomthetho. Kulungile.

⁷² Manje, olunye uhlangothi yilolu, ukuthi nxa ngingaya phetsheya kolwandle futhi ngenze iphutha... Ngihambe

futhi ngithi, “Khathesi, khangela, ngizaphuma lalumfazi. O, kulungile kumkami, akalandaba.” Umkami athi, “Ngizaphuma lalindoda. Kulungile loBill, akalandaba.” Nxa ngingela ndaba, manje-ke kuleyinye into engalunganga ngami; angimthandi kuhle lowo mfazi. Futhi nxa engelandaba, kuleyinye into engalunganga ngaye. Ungumkami; angifuni enye indoda idlala laye. Ungumkami.

⁷³ Manje, indlela eqondileyo yakho, yikuthi, kokubili kuleqiniso, kodwa hatshi iQiniso eliyilo.

⁷⁴ Manje nxa ngisiya phetsheya kolwandle, ukukwenza kuqonde, imuli yami encinyane iyabuthana, futhi siyakhulekelana. Futhi ngiyabanikela kuNkulunkulu, labo bayanginikela kuNkulunkulu. Futhi nxa sesikwenza, siyahamba phetsheya kolwandle...ngiyahamba phetsheya kolwandle. Manje, ngiyazi uyangithanda; ngilethemba kuye. Uy-...futhi ngiyamthanda; ulethemba kimi. Ingqe ngimthanda kanjalo, kadingi ukukhathazeka ngami ngiphuma lomunye umfazi. Ingqe kuphela engithanda kuhle, ngani, akudingakali ukuthi ngicabange ngeyinye indoda iphuma laye, ngoba ungumkami futhi ngiyamkholwa.

⁷⁵ Ngiyakholwa, nxa ngingenza eyinye into embi, ngenze iphutha futhi ngiphume lomunye umfazi, futhi ngiphenduke futhi ngikuvume lokho kuye, futhi ngimtshela, “Meda, benginga zimiselanga ukukwenza lokho. Ngibanjwe emjibileni nje; lumfazi uphongo kugijimela kimi futhi—futhi wangibamba ngengalo, futhi waqala *okuthile-lo-kuthile*,” ngiyakholwa uzakube ezwisisa. Ngiyakholwa angangithethelela ngakho. Kodwa angeke ngikwenze, ngitsho, ngoba ngiyamthanda. Lanxa engangithethelela, angisoze ngikwenze. Angeke ngimzwise ubuhlungu, ngitsho. Lanxa ngikwazi angangithethelela ngakho, angifuni ukumzwise ubuhlungu.

⁷⁶ Futhi yiyo indlela eyikho ngoNkulunkulu. Nxa mina... nxa uthando lwe*phileo*, okuluthando lobuntu, uthando lobudlelwano, lungenza indoda izwe lokho mayelana ngomkayo; pho-ke uthando lwe *agapao*, ibala lesiGriki lisitsho “uthando lukaNkulunkulu,” lokho kungangenza ngenze njani mayelana ngeJesu Khristu? Mina, ingqe kuphela ngifuna ukuya kwenza, kusenhliziyweni yami ukukwenza! Loba...Ngithi, ingqe kuphela kusenhliziyweni yami ukukwenza, ngiyahamba ngiyekwenza. Okomthetho akusoze kungivumele ukukwenza, kungenxa yokuthi ngiyabe ngisazi ukuthi ngizajeziswa ngokukwenza. Kodwa iQiniso eliqotho lakho yileli, lapho uthando lukaNkulunkulu lubuya enhliziyweni yakho uze *ufune* ukuKwenza. Yilo iQiniso lakho. Nanso imibono emibili. Hatshi okokwemthetho kumbe okunye, kumbe okukaCalvin, kukokubili.

⁷⁷ Manje siyafumana lamuhla, njalo, kulezinhlanganiso zamasonto ezinengi. Kulebandla leKatolika, ibandla leProtestanti. Ilowo lalowo wabo uthi bayiNdelela, bona, “SileNdelela, siliQiniso.” KulamaMethodisti, athi, “SileQiniso.” AmaBaptisti athi, “SileQiniso.”

⁷⁸ Awu, kimi, ingqe kuphela besizwa ngaleyo ndlela, akunjalo, ngoba uJesu wathi, “Mina ngiliQiniso.” Bona?

⁷⁹ Ngakho-ke, njenge ntshumayelo yami ebiyikho izolo ebusuku, ukuthi Uyindawo lapho uNkulunkulu abeka iBizo Lakhe, indawo kuphela yokukhonzela. Awusuye umKhristu ngoba ungumProtestanti. Awusuye umKhristu ngoba ungumKatolika. Awusuye umKhristu ngoba ungu’Methodisti, Baptisti, kumbe umPhentekhosti. UngumKhristu ngoba ubhaphathiziwe kuJesu Khristu, ngoMoya oNgcwele, hatshi ngamanzi. “KuloKholo lunye; iNkosi inye; ubhaphathizo lunye,” lolo lubhaphathizo lukaMoya oNgcwele. Ubhaphathizo lwamanzi luyakungenisa ebudlelanweni. Ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele luyakungenisa kuKhristu. Nanto iQiniso.

⁸⁰ Silemicabango emibili njalo ngalowu u*Mtshado LoKwahlukana*. Manje, ukuthi, iNkosi yethu isivule imfihlo yeMpawu eziyisiKhombisa zeLizwi Lakhe kithi, ensukwini lezi zokucina. Manje, abanengi benu, lokhu kungaba yisiGriki kini, kodwa ibandla lami liyazwisisa. Ngani? Futhi lezwa ngemibono lalokho okwenzakalayo. Futhi umbuzo ngumbuzo weBhayibhili, siyanxuswa lapha ukukholwa ukuthi kumele kube lempendulo yeqiniso kuyo yonke imfihlakalo efihliweyo kusukela ekusekelweni komhlaba. Futhi iBhayibhili liyaprofetha futhi lithi kulolu usuku lezi imfihlakalo zizakwaziwa. ISambulo 10, “Futhi ekubetheni kwengilosi yesikhombisa, isithunywa seLawodikeya, imfihlakalo zikaNkulunkulu zizakwaziwa.” Futhi lesi yisikhathi sokucina, okuyiLawodikeya.

⁸¹ Khangelani yonke limvuselelo isiqhubeke okweminyaka elitshumi lanhlanu kumbe eminengi, futhi ngitsho inhlanganiso yesonto eyodwa eyaphuma phakathi kwakho. ULuther wayelemvuselelo, lapho kwaphuma inhlanganiso yesonto; UWesley, lapho kwaphuma inhlanganiso yesonto; UAlexander Campbell, lapho kwaphuma inhlanganiso yesonto; zonke lezi ezinye ezinkulu. . . UJohn Smith lokunjalo, izinhlanganiso zamasonto, UMoody, lakho konke. Kodwa lapha bekulokukodwa. . . Ngokuvamileyo imvuselelo ihlala kuphela iminyaka emithathu. Kodwa lokhu bekuqhuba okweminyaka edlula itshumi lanhlanu, futhi ngitsho lenhlanganiso yesonto eyodwa ephumileyo kukho, ngokuba lesi yisikhathi seMbewu. Akusela khoba; emva ikhoba elilodwa seliphumile, sekuyiMbewu.

⁸² UNkulunkulu ulungele, nxa Engakwenzi khathesi, Uzakubiza iBandla ekupheleleni ngeLizwi Lakhe, uJesu

Khristu. Nanzelela, kumele kubelependulo kwenye indawo, futhi njengokuba imfihlo yeMpawu eziyisiKhombisa kaNkulunkulu, iMpawu eziyisiKhombisa. . .

⁸³ Bangaki abakuzwisayo lokho, phakamisa isandla sakho. Kasiboneni. Ngiyacabanga abanengi babo libandla lethu elivela khonalapha, lalalani. Nxa kungasikho, amabhuku azaphuma khona masinyane, phezu kwesifundo. Silamabhuku, amanye amabhuku phezu Kwakho khathesi.

⁸⁴ UJesu, esifundweni sethu, uyasinxusa ukubuyela ekuqaleni, ukuba sithole impendulo yeqiniso loMbhala.

⁸⁵ Manje, lapho Ehlangana lalokhu, kwakulezinto ezimbili ezazibonakala. Abapristi bathi Kuye, “Indoda ingenelisa ukwala umkayo, ithathe omunye, langasiphi isizatho?”

Futhi uJesu wathi, “Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni.”

Khona-ke bathi, “UMose wasivumela incwadi yokwahlukana, lokumala ngaloba yini ababeyifuna.”

⁸⁶ Wathi, “Lokho, uMose wakwenza ngoba,” Ngiyekela lokhu kudonse kancane, “ngenxa yobulukhuni benhliziyo zenu; kodwa kusukela, kumbe ekuqaleni kwakungenjalo.” Umbuzo!

⁸⁷ Umbuzo lamuhla, njengokuthula komhlaba, “Ngabe kusiza ngepolitiki, umanyano wezizwe, zibambene?” Ngithi kuni, qhabo. Kuhlezi kusehluleka, futhi kuzehluleka njalo. Kodwa kusasele impendulo yeqiniso embuzweni, “Kuzakuba lokuthula emhlabeni na?” Yebo, lapho isono sesisusiwe emhlabeni, kuzakuba lokuthula. Kodwa kuze kubeyileso sikhathi, akusoze kube lokuthula; “isizwe sizavukela isizwe, lombuso uvukele umbuso.” UNkulunkulu wapha umuthi wesono. Lalelisisani khathesi. UNkulunkulu wapha umuthi ukususa isono emhlabeni, kodwa umuntu womhlaba kamukeli umuthi kaNkulunkulu.

⁸⁸ UNkulunkulu wasipha umuthi lendlela yokutshada omkethu lokuhlala labo, kodwa umuntu kamukeli indlela yomuthi kaNkulunkulu, akamukeli iLizwi Lakhe kukho. UJesu wathi lokhu. Futhi lokhu kuyasikhumbuza nga—ngaMazwi Akhe, sisazi ukuthi Wathi, “IZulu lomhlaba kuzakwehluleka, kuzakwedlula, kodwa Okwami akusoze.”

⁸⁹ Umbuzo, impendulo yeqiniso uJesu afuna sibuyele kuyo, yikubuyela ekuqaleni. Khona-ke, lokho kuzakuba kuGenesisi, ngoba ibala u*Genesisi* yisahluko sembewu embuzweni yonke eBhayibhili. Futhi izikhathi zonke kumele ubuyele embewini ukubona ukuthi luhlobo bani lwembewu olusensimini, ukubona ukuthi izilimo zakho zizakuba yini. Manje luhlobo bani lwembewu oluhlanyelweyo? UGenesisi, eyisahluko sembewu, sizabuyela kuGenesisi. UJesu uyasazisa kulowo Mbhalo, “ekuqaleni.” Khathesi, khumbulani, yikho lapho isikhathi esaqala khona ukuqalisa. Ngaphambi kwalokho, kwakuyi

laPhakade. Khathesi, umbuzo wethu lapho kwakuyikuthi, nanzelela, nxa sibuyela ekuqaleni.

⁹⁰ Manje lingehluleki kulokhu! Futhi yiso isizatho ngifuna ukukhuluma kancane kancane, ukuze kuthi abantu abaphandle emafonini, lokuthi ithephu izakutsho ngokucacileyo.

⁹¹ Nxa uJesu wathi, “Buyelani ekuqaleni,” kwakule pheya eyodwa kuphela yakho konke emhlabeni. Kwakulo Adamu oyedwa, uEva oyedwa, bahlanganiswa nguNkulunkulu kuphela. Ibhiza elilodwa elinsikazi, eliduna elilodwa; upholi oyedwa onsikazi, oliduna oyedwa. “Ekuqaleni,” njengoba Wasitshela ukuthi sibuyele emuva, kwakule pheya eyodwa kuphela kukho konke. Kuliqiniso lokho na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Khona-ke, siyathola ukuthi into yonke “ekuqaleni” yayihamba ngohlelo olupheleleyo langokuzwanana loNkulunkulu, akula lutho olwaluphandle kwendlela.

⁹² Izinto zonke ezulwini zilokhu zihlelekile; inkanyezi zonke, imithala, uhlelo lwelanga lezinkanyezi, izinto zonke zisehleleweni olupheleleyo. Okukodwa kwakho kunganyikinyeka, kungaphazamisa uhlelo lonke.

⁹³ Manje lalelani. Uyakubona? Impazamiso eyodwa iphambanisa uhlelo lonke! Manje, lapho abantu behamba ngokuhambelana ndawonye loNkulunkulu, kulendoda eyodwa lomfazi oyedwa, lumfazi wona futhi kwaphosela uhlelo lonke lomhlaba ngaphandle kwengquba phambili loNkulunkulu. Ngakho-ke, ilizwi elilodwa lingezelelwe eBhukwini leli, kumbe iLizwi elilodwa liphungulwe Kulo, kuphosela umKhristu phandle kokuhambelana ndawonye loNkulunkulu, kuphosela ibandla phandle kokuhambelana ndawonye loNkulunkulu, kuphosela imuli phandle kokuhambelana ndawonye loNkulunkulu. Ikhohwa lonke lingaphoselwa phandle, ngokungemukeli iLizwi lonke likaNkulunkulu.

⁹⁴ Khona-ke, kwaku ngumfazi owabangela ukwehlukana kwekhaya elihle. Kwakungayisilo Kherubi elakhathaza umhlaba. Kwakungayisuye uAdamu owaphosela ikhaya phandle. Kwakungayisiyo enye into eyaphosela ikhaya ngaphandle, futhi yaphosela into yonke phandle kokuhambelana ndawonye, kodwa umfazi, uEva. Futhi kulapha ukuthi “ukuqala,” lokho uJesu akhuluma ngakho, okwepuhlwayo. UJesu wathi, “Ekuqaleni, uNkulunkulu wenza owesilisa oyedwa, owesifazane oyedwa, kohlobo lunye.” Futhi manje lapho lumfazi... hatshi ibhiza elinsikazi, hatshiinja ensikazi; kodwa umfazi, wephula ukuhambelana konke komsebenzi kaNkulunkulu emhlabeni, futhi waphosela izinto zonke ekufeni. Umfazi, hatshi indoda, wephula isivumelwano. Wephula isivumelwano, ngoba (ngani?) wanyathela ngaphandle kwemikhawulo yeLizwi likaNkulunkulu. Khathesi, nxa wephula isivumelwano sakhe lendoda yakhe, wephula

isivumelwano sakhe loNkulunkulu; khona-ke, ngoba wephula isivumelwano loNkulunkulu, wasephula lendoda yakhe.

⁹⁵ Futhi lapho usephula isithembiso sakho lesivumelwano sakho eLizwini likaNkulunkulu, yikho lokho okwabangela amalunga amanengi ebandla angamavezandlebe, ngoba iqembu lamadoda labuthana ndawonye futhi lathi, “Awu, Bekungatsho *lokho*,” futhi kuyaphosela inhlanganiso yonke phandle kokuhambelana ndawonye leLizwi. “Asikukholwa Lokho. Udokotela Jones wathi kwaKungenjalo.” Kodwa inqge kuphela uNkulunkulu wathi Kunjalo, Wathi, “Akuthi lonke ilizwi lomuntu libe ngamanga, eLami libe liQiniso!” Lapho kwephula ukuhambelana.

⁹⁶ Khathesi siyabona, kuyikuba ukuthi ukuhambelana kwephulwa, khona-ke intambo yokuPhila yaqanyulwa, njalo intambo yesikhathi yaqanyulwa, isivumelwano sephulwa, izinto zonke zaphahlazeka! Kuyini okwakubangelayo? Umfazi. Yikho lokho okwephula isivumelwano. Khathesi, nxa lifuna ukubala lokho, lingakubala, uGenesisi 3.

⁹⁷ Manje, kulapho indoda eyenziwa ukuba ibuse phezu komfazi, ngeLizwi likaNkulunkulu. Wayengasalingani laye. Wayelingana ngemvelo, liyazi; kodwa, lapho esephula iLizwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu wenza indoda ukubangumbusi phezu kwakhe. Genesisi 3:16, nxa ufuna ukukubhala phansi. Wayengasalingani lendoda. Wayengumephuli weLizwi likaNkulunkulu.

⁹⁸ Aliboni, “yena umfazi,” yena, ibandla phansi lapha? Umaphuli weLizwi likaNkulunkulu, kwamphosela ngokupheleleyo phandle kokuhambelana ndawonye. Futhi yikho lokho ibandla elikwenzileyo, futhi kwaphosela ukufa kukamoya phezu kwento yonke. Manje lizazwisisa kungani ngidinda lezi izinto njenga lokho engikwenzayo. KuliQiniso! Lokhu ngamaqiniso eBhayibhili.

⁹⁹ Nanzelela, kungani wenza into enjengaleyi? Kanjani ukuthi lowo othandekayo, omuhle, umfazi ophelileyo . . . ?

¹⁰⁰ Ngabona umfanekiso ngesinye isikhathi, ngiyakholwa kwakuseGreece, womdwebi owadweba umfanekiso kaEva. Wayeyinto ekhangeleka imbi sibili ongakaze ukubone. Lokho kuyatshengisa lokho ingqondo yenyama engakukhangela. Kodwa, wayengenjalo; wayemuhle, ngoba wayengumfazi ophelileyo, umfazi ogcweleyo.

¹⁰¹ Nanzelela, kungani wenza into enjalo, ekuleso simo esiphezulu? Waye kanye lendoda, elingana laye. Kodwa siyazi sonke khathesi ukuthi walahlekelwa yikulingana kwakhe lendoda, lapho esona, futhi uNkulunkulu wathi, “INdoda izakuba ngumbusi wakho kusukela lapha kusiya.” Manje, lowo nguMbhalo. Nxa ukufuna, singawubala.

102 Ngilipha imiMbhala, ukuze sigcine isikhathi kulokhu kuxhunyaniswa ngefoni okukhulu ilizwe lonke, ukuze uzibalele.

103 Nanzelela isizatho wenza lokho. Wangena njani uSathane kuye?

104 Uyakwazi yini uSathane wayelingana loNkulunkulu ngolunye usuku? Sibili wayenjalo, eyikho konke kodwa umdali; wayeyinto yonke, wema esandleni sokudla sikaNkulunkulu, emaZulwini, iKherubi elikhulu elikhokhelayo.

105 Nanzelela isizatho kungani wenza lokhu, wayengekho ekusungulweni kwendalo. Akekho endalweni yakuqala kaNkulunkulu; yinto eyenziwa ivela kwenye into. Ngakho-ke, “ekuqaleni,” njengoba uJesu wakhombela kukho, waye ngasiso sidalwa somuntu sakuqala sikaNkulunkulu. Yinto eyenziwa ivela endodeni, lapho uJesu ekhombela “ekuqaleni.”

106 Khumbulani, uAdamu wayengokubili owesilisa lowesifazane, ekusungulweni kwendalo, emunye, kodwa-ke wehlukaniswa ngobambo.

107 Nanzelela, kodwa into eyenziwa ivela kwenye into, futhi, nanzelela, oyedwa kuphela wezidalwa zonke zikaNkulunkulu, wenyamazana zonke lenye into yonke, wayenguye yedwa owalungiswa ngaleyindlela. Ezinye zonke ezinsikazi zazisendalweni yakuqala. Konke okunye okusikazi kwakusendalweni yakuqala, kodwa uEva wayengekho endalweni yakuqala. Bona, lokho kwakumele kwenziwe ngaleyondlela. Sizafika kukho ngemva kwesikhatshana. Nanzelela, kule indalo ayekiyo, hatshi kweyokuqala, kodwa into eyakhutshwa kwenye into. Futhi kulindalo, kule. . .

108 Manje kangifuni ukuzwisa imizwa yenu ubuhlungu, kodwa ngifuna ukulitshela iQiniso. Futhi hlalani nje lithule; lenza kahle.

109 Akula nto elungiswe ukukhohlisa kangako, njengomfazi ongumkhohlisi. Akungeke kube lolunye ulutho; akula lutho olwenziweyo ukuba ngaleyondlela.

110 Futhi, akula lutho olungakhohliseka lula njengomfazi. Manje, ukuwa kuyafakaza lesi sitsho ukuba liqiniso, ukuwa ekuqaleni.

